**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKUVULA IBHULOHO LOMKHOMAZI EMPENDLE MHLAKA 27 JANUARY 2011.**

Mphathi wohlelo;
Nkosi yendawo uMolefe;
Amakhosi wonke akhona;
Imeya yoMkhandlu;
Amakhansela;
Izinduna;
Izisebenzi zomnyango ziholwa iNhloko yoMnyango uHlabisa;
Amalungu ezinhlaka esisebenzisana nazo kwezokuthutha ama-RRTF, ama-CRSC, ama-PTPA, uVukuzakhe noZibambele;
Abezindaba;
Umphakathi wonke ngiyanibingelela.

Masibonge ukuthi nanamhlanje sesiphinde sathola ithuba lokuhlangana nomphakathi walapha eMpendle sizokuthi halala ngentuthuko yemigwaqo eqhubekayo kule ngxenye yesifundazwe.

Ngithi sesiphinde sathola nje, yingoba phela akukapheli zinyanga ezingaki njengoba ngo-October ngenyanga yezokuthutha besikhona lapha eMpendle sivula isigaba sokuqala somgwaqo u-P127 eNkosini yaKwaNxamalala.

Nalapho sakusho ukuthi njengoba sihalalisa nje, sisazobuya sizovula amanye ama-*project* esesiwaqedile kule ndawo nasesifundeni soMgungundlovu sonkana. Lokho sasikusho ngoba sazi ukuthi ngenkathi kungena loHulumeni oholwa nguMsholozi kuzwelonke noKhabazela esifundazweni kuke kwanokwehla komfutho ekuqhutshweni kwama-*project* kulesi ngenxa yengwadla yokuzika komnotho emhlabeni. Nathi bekudingeka sakhe amasu okonga imali.
Kodwa kuthe uma isimo sesibuyela kwesejwayelekile, njengoMnyango sathatha isinqumo sokuthi wonke ama-*project* emigwaqo namabhiriji alibazisekile kumele aqedwe ngokushesha adluliselwe emphakathini. Yingakho-ke silapha namhlanje sizokuthi nani mphakathi waseMpendle yemukelani ingqalasizinda yenu ngokusemthethweni.

Kodwa futhi ngenxa yegebe elikhona ekwakhiweni kwemigwaqo, sithe ngeke siyeke ukulokhu sithi phohlo kancane nasemisebenzini emisha ukuze kungabi sekuma nse kulabo esingakaze sifike kubona.

Phela njengoHulumeni siyakuqonda ukuthi umgwaqo nebhuloho yizinto eziyigugu ngendlela eyisimanga kumuntu ongakaze ezwe ukuba lula kwempilo uma unako. Nina-ke ningofakazi balokho namhlanje njengoba senike nakuzwa ukushaywa indiva ngohulumeni bakudala ababenganinakile.

Kafushane nje engiqonde ukukusho lapha ngukuthi baningi ohulumeni asebafika badlula ezweni lethu, kodwa kuyaqala emlandweni wesifundazwe sethu ukuthi sibone izimpilo zabantu ziba ngcono ngalolu hlobo.

Phela kuyiqiniso ukuthi ezinye zezinselelo ezibhekene neKwaZulu-Natali kudingeke zithi ukulinda zaze zaqala ukuthi kubhekwane nazo ngonyaka ka-2004 ngenkathi lo Hulumeni oholwa i-ANC uthatha izintambo esifundazweni. Kodwa okungenani eminyakeni eyisithupha nje, njengoba sisho nje, abantu bakithi sebephumela obala basho ukuthi sebeyalubona uguquko ezimpilweni zabo ngenxa yezinhlelo zentuthuko ezilethwa uHulumeni wentando yeningi.

Esikucela kinina ukuthi nisibekezelele. Ningavumeli ukuthi kube nabantu abanifaka umoya omubi banenze ukuthi nilahlekelwe yithemba. Ningakhohlwa ngukuthi isifundazwe sethu sikhulu kanti sinezindawo eziningi zasemakhaya ezisasilele emuva ngengqalasizinda, kanti noMongameli uthe masiqinise kakhulu ezindaweni zasemakhaya manje ekade zayilangazelela intuthuko.
Ngakho-ke ukubambisana yikona okungukhiye kuko konke lokhu. Uma nje sibambisene sonke uyohlale ufezeka kalula umgomo wethu wokuthi sibe nguHulumeni ongagcini nje ngokukhuluma kodwa owenzayo – ohlale ukufeza lokho ozibophezele kukona. Kumele sonke siqinisekise ukuthi asilali futhi asiphumuli uma izimpilo zabantu bakithi zingakaguquki zibe ngcono.

Kuleli bhuloho loMkhomazi esilivula namhlanje sifake isamba semali esingu-R8,3 million. Leli bhuloho liqale ukwakhiwa ngonyaka wezimali ka-2008/2009 laze laphela ngonyaka ka-2009/2010. Umsebenzi wenziwe izinkampani ezimbili ezisafufusa ngaphansi kohlelo lukaVukuzakhe. Abalelwa ku-40 amathuba emisebenzi adalekile kubantu bendawo ngenkathi kuqhubeka umsebenzi wokwakha.

Ngakho-ke sithatha leli thuba sithi siyawubongela umphakathi waseMpendle ikakhulukazi ngaphansi kweNkosi uMolefe okuyiwona osuhlomule kakhulu lapha. Siyazi ukuthi imiphakathi yalapha ibihlupheka uma ifuna ukufinyelela ezindaweni zosizo eziningi.

Lapha kuhlanganisa iTsatsi Clinic, Ntwasahlobo High School, Brotein High School, Celani High School, Uthando Lwabasha Primary School, Siminza High School, Stofelton Primary School, Thunzi Primary School, Glen Primary School, Lower Makhuzeni Primary School, Presbeterian Church, Anglican Church, Roman Catholic Church, Shembe Church, Zion Church, Ukukhanya Mission nezinye izikhungo zomphakathi.

Sithanda ukuphinda siwubongele futhi umphakathi walapha eMpendle ngokuthi yonke imigwaqo esiyakhayo iletha namathuba okuxosha ikati eziko ngohlelo lukaZibambele. Kuleli bhriji esilivulayo nje ukhona oyedwa esesimqashile ukuba asebenze ukususa imfucuza ekhukhulwa ngamanzi bese igaxela ebhrijini. Siyababongela futhi labo mama ukuthi sebewutholile nochatha ebesibathembise wona ngoDecember njengoba sebethola u-R510 ngenyanga.
Ngaphambi kokuthi ngiphethe, ake ngithathe leli thuba ngigcizelele ukuthi njengoba kade echaza omele ihhovisi le-IEC ukuthi sibheke okhethweni loHulumeni baseKhaya, kumele nazi ukuthi phela kunezinselelo esibhekana nazo ezweni lethu njengoba kunamaqembu aphikisanayo kwezepolitiki. SiwuHulumeni-ke sithi singabhekana kalula nazo lezi zinselelo uma ukusebenza kwethu kuhlale njalo kuqhakambisa ukuthula, intando yeningi nentuthuko.

Angeke kube nentuthuko uma kunezimpi. Ngakho-ke uma kukhona umuntu oniqhathayo odala ukuba nilwe anokwazi ukuthi lowo muntu nguyena okumele nibhekane naye ngoba kusho ukuthi akayifuni intuthuko.

Ngakho-ke masihlangane singumphakathi silwe nabo bonke ububi endaweni yethu okuhlanganisa nobugebengu bokwebiwa kwemfuyo obuhlale buyinkinga njalo kulezi zindawo zangapha.

Ngalawo mazwi sithi siyanihalalisela nonke sibonga ukuziphatha kahle kwenu kulo mcimbi omuhle kangaka.

**Ngiyabonga**